USuku lwamaGugu luyiholide elimhla zingama-24 kuMandulo.

Le ncwadi ixoxa ngalolu suku. Uzokwazi kabanzi ngalo nokuthi kungani luwusuku olubalulekile eNingizimu Afrika.

Bonke abantu banemvelaphi yabo. Imvelaphi yethu iyingxenye yamagugu ethu.

Abantu base Ningizimu Afrika bakhumbula imvelaphi yabo ngokuthi bahlangane ngalolu suku njengemindeni, imiphakathi noma isizwe sonkana.

INingizimu Afrika inezinhlanga ezahlukene futhi sabelana ngamasiko.

Wonke umuntu eNingizimu Afrika unesiko aziqhenya ngalo.

Isiko laseNingizimu Afrika ligqamile futhi lihle.

Izinhlanga zethu zinokudla okwehlukile kanjalo nokuphuzwayo, imvunulo, amaculo kanye nomdanso.

Amasiko ethu ahlukene ahambisana nezinkolo ezahlukene, izinkolelo kanye nokwehlukana ngezizwe.

Abantu baseNingizimu Afrika bakhuluma izilimi ezahlukene. Ziyishumi nambili izilimi ezisemthethweni kuleli.

Ngesikhathi sobandlulo uSuku lwamaGugu lwalubizwa ngokuthi uSuku lukaShaka okwakukhunjulwa ngalo inkosi yamaZulu uShaka.

Emva kobandlululo, iphalamende lashintsha uSuku lukaShaka lwase lubizwa ngoSuku lwamaGugu. Balwenza lwaba usuku oluzogujwa yibo bonke abantu eNingizimu Afrika.

Sigubha ukwehluka kwethu nokwabelana ngamagugu ezwe lethu.

Umthetho sisekelo waseNingizimu Afrika unemithetho ebalulekile esiholayo. Uqukethe imithetho exhasa nevikela amalungelo ethu.

Umthetho sisekelo uthi sonke siyalingana.

Akekho umuntu ongaphezu komunye.

Umthetho sikelo uthi abantu abangacwasani.

Kumele sihloniphane.

Wonke umuntu unamalungelo afanayo. Wonke umuntu unelungelo lolimi lwakhe, inkolo namasiko akhe.

NgoSuku lwamaGugu abantu baseNingizimu Afrika bathanda ukucula amaculo omdabu, nokudansa imidanso yendabuko.

Bathanda nokupheka ukudla kwesintu.

Abanye bahlonipha amadlozi abo ngokuwathetha bawabonge.

Abanye bavakashela amangcwaba okhokho babo.

Abantu bagqoka imvunulo emibalabala. Bagqoka iminwenda, iseshoeshoe, iswibhelane nenye imvunulo eningi.

Uma abantu baseNingizimu Afrika begubha uSuku lwamaGugu, bagubha nezimpawu zezwe.

Izimpawu zezwe yizilwane nezitshalo eziyingxenye yamagugu ethu.

Nazi Izimpawu zezwe laseNingizimu Afrika:

Inyamazane yisilwane sesizwe.

Isithwalandwe yinyoni yesizwe.

Umkhoba yisihlahla sesizwe.

Isiqalaba yimbali yesizwe.

IGaljoen yinhlanzi yesizwe.

Izikole zigubha uSuku lwamaGugu ngaphambi kokuba lifike leli holide.

Izingane zifaka imvunulo yazo bese zitshela ezinye ngemvelaphi yazo.

Zabelana ngokudla kwesintu okwehlukile bese zifundisana nemidanso ehlukene yomdabu.

Umgubho wamagugu aseNingizimu Afrika kumele uhlanganise i-Afrika yonke.

Izingane zase-Afrika eziziqhenyayo zithi:

NginguNamunya. Ngigqoke ishuka.

Ngingu-Adilah. Ngigqoke ikaftan.

Ngingu-Isoka. Ngigqoke igele.

NginguSipho. Ngigqoke ibheshu.

## ——Imibuzo

1. Lunini uSuku lwamaGugu futhi kungani silugubha?
2. Chaza izimpawu zesizwe ezine zaseNingizimu Afrika.
3. Bhala amagama 'osuku lwamagugu' ngezinye izilimi ezimbili ngaphandle kwalolu olukhulumayo.
4. Xoxani nganoma yimaphi amalungelo amane asekelwa futhi avikelwe uMthethosisekelo waseNingizimu Afrika.
5. Yiziphi izindlela ezahlukene abantu baseNingizimu Afrika ababungaza ngalo uSuku lwamaGugu?
6. Thola mayelana nezindawo ezinhlanu zamagugu eziseNingizimu Afrika.
7. Yini oyaziyo 'ngezilimi ezisemthethweni'? Thola noma yiziphi izilimi ezinhlanu ezikhulunywa eNingizimu Afrika ezingekho phakathi kwezilimi eziyi-12 ezisemthethweni.
8. Ucabanga ukuthi kufanele kube nolimi olulodwa olusemthethweni kulo lonke elase-Afrika? Chaza.

Lendaba ibhalwe ngolimi lwe Tshivenḓa nje ngenye yezinsiza zokufunda zeprojekthi yeZenex Ulwazi Lwethu ngonyaka wezi-2020.